# UKUBIZELA UJESU ENKUNDLENI

Sifunda iZwi leNkosi. EVangelini likaMathewu, i—isahluko 8, siqale ngevesi 23, sifunda lokhu.

*Wayesengena emkhunjini, abafundi bakhe bamlandela.*

*. . .bheka, kwavuka isiphepho esikhulu elwandle, umkhumbi waze wagujuzelwa ngamaza: kepha yena wayelele.*

*Futhi abafundi bakhe beza kuye bamvusa, bathi, Nkosi, sisindise: safa.*

*Wayesethi kubo, Nesabelani, O, nina bokukholwa okuncane na? Khona wavuka, futhi wakhuza imimoya nolwandle: kwabakhona ukuthula okukhulu.*

*Kepha* umuntu *bamangala, bathi, Umuntu onjani lo, ukuba nemimoya* nezilwandle *kumlalele!*

2 Asikhothamise amakhanda ethu manje ngomkhuleko.

3 Baba wethu waseZulwini, sijabula kakhulu kulobubusuku ukwazi lo OMkhulu wenza imimoya nolwandle kuMlalele unathi. Siyabonga ukuthi sinalobu ubufakazi obukhulu bokuphila kwaKhe namanje namhlanje, nokwazi ukuthi UPhakade, futhi Angeke aze afe. Uphila kuze kube-phakade, futhi ukhombise umusa waKhe omkhulu kithi, abantwana bomuntu ngalezizinsuku. Singabantu abadingayo, Nkosi, sidinga kakhulu ngangokuthi akekho omunye obengahlangabezana nezidingakalo zethu kodwa nguWe. Ngakho sibheke Wena kulobubusuku ukuba uzongena embuthanweni wethu lapha, nokuthi Uzazise kithi, ngokuthethelela izono zethu, wandisa ukukholwa kwethu, Nkosi, futhi uphilise ukugula kwethu nezinhlupheko. Futhi uma siya emakhaya ethu, kulobubusuku, kwangathi singajabula, sisho njengalabo ababevela e–Emawuse, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma nathi endleni na?” Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

Ningahlala phansi.

4 Ngicishe impela ngifane noZakewu; lezizinto zimfishane kakhulu kimi. Ngifuna ukukhuluma kini imizuzwana embalwa nje manje ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo. Nginibonga ngobambiswano lwenu oluhle, nokukholwa kuMoya, izolo ebusuku, ngenkathi sisakhuluma, sithemba ukuthi kuzoba ukuthululwa okukhulu kwezibusiso zaKhe.

5 Njalo khumbulani ukuthi sizokwenzani lapha, ngukuzama ukwandisa ukukholwa kwenu eBukhoneni baKhe, ukuze

nemukele lokho enikucelayo. Manje–ke, ngokukholwa, niyakholwa.

6 Manje, khumbulani, isibusiso sokuhlenga bese sivele sithengiwe. Intengo isikhokhiwe, yinye kuphela indlela eniyoze nikwazi ngayo ukukwemukela, ngukukholwa nokukuvuma. "UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu." UmHeberu uyasho lapho, incwadi yamaHeberu, ithi, "UngumPristi oMkhulu wokusho ukuvuma kwethu." Ukusho ukuvuma, nokuvuma, kuyinto efanayo kusobala. Ngakho si . . . UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu, ngakho–ke Angesenzele lutho kuze kuthi kuqala sivume ukuthi Ukwenzile. Bese kuthi–ke uma sikuvuma, khona–ke UngumPristi oMkhulu, umlamuleli, ukuyosebenza kulokho nokukulungisa. Ngakho siyakhuleka, sithembela kuNkulunkulu kulobubusuku, ebubeleni baKhe nesihawu, ukuthi Uzosipha umusa waKhe omninginingi, kulobubusuku. Futhi manje, khumbulani, nifanele nikuvume ngokukwemukela.

7 Manje sizokhulekela abagulayo ngaphambi kokuba sihambe, sibeke izandla phezu kwabo, kodwa ngifisa sengathi beningaba nokukholwa okwenele ukuba ningadingeki ukuba nibe nalokho. Ngifisa sengathi beningavele nje nifinyelele phezulu bese nithi, "Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa. Ngi—ngi . . . " Uyalikholwa iZwi.

8 Manje, niyabo, uNkulunkulu wehlukile kwesiyikho. Uma—uma besingasho into ethize ukuba niyenze, futhi anangayikholwa, awu, besingathi, "Bayekeni. Abadingi ukuyikholwa." Kodwa lowo akusuye uNkulunkulu uBaba wethu. Uyolokhu njalo enza enye into ethize ukunenza nikholwe. Uzama ukugcina iZwi laKhe, futhi Uyoligcina iZwi laKhe.

9 Manje isizathu sokuba Enze izinto Azenzayo manje, yingenxa yokuthi Wethembisa ukuzenza. Hhayi ngoba Ufanele akwenze; kodwa Wethembisa ukukwenza, nalelo yithemba lethu ukuthi njalo Uyasigcina isithembiso saKhe.

10 Manje ngamunye wenu, uma ninokugula, abathandekayo, kanjalonjalo, nahlala, ngenkathi bengena . . . njengentombazane encane lapha, isencane kakhulu, futhi ikulesosimo ekuso; nje uma nikholwa, nibeke izandla zenu phezu komntwana inkonzo isaqhubeka. Abanye, onabathandekayo, enhliziyweni nicabanga ngabo; ngokukholwa nibaphakamisele ngqo phambi kukaNkulunkulu, ngomkhuleko. Manje, futhi, ngakho–ke, bese–ke niyakholwa. Uma kwenzeka into ethize, ni . . .

11 Ungeke wazenza ukuba ukholwe. Wena, kuyinto ethize, kungubunjani obukuwe. "Ukukholwa kuyisiqiniseko," hhayi nje okucatshangelwayo. "Kuyisiqiniseko ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto enizikholwayo, futhi aniziboni." Futhi konke, sonke isikhali somKristu manje, khumbulani, kungokukholwa. Konke okungaphezu kwemvelo,

uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ukukhuthazela, konke lokho kuyizinto ezingabonwayo. Leso yiso sonke isikhali samaKristu. UmKristu njalo ubuka izinto angaziboni, ngoba ubuka isithembiso.

12 Lapha ngesinye isikhathi esedlula, iminyaka eminingi, ngabizelwa enkundleni, ngesinye isikhathi, esibhedlela, ukukhulekela umfana owayefa, enesifo esimnyama esivimbanisa umphimbo. Ngikucaphunile lokhu izikhathi eziningi, ngoba kuludaba olugqame kakhulu kimi. Ubaba wayeseyindoda esindala, nomama. Nalensizwa yayithi ayibe neminyaka eyishumi nane ubudala, ngiqagele, futhi yayiyiyona kuphela umntanayo. Futhi yayifa, inesifo esimnyama esivimbanisa umphimbo, futhi kukhona okwenzeka enhliziyweni yayo. Yaquleka. Futhi nje babe... Yavele nje, o, nje—nje icish'ingaphili; ngiyakhohlwa ukuthi ukushaya kwayo—kwayo kwenhliziyo kwakuthini; ukuphefumula kwakuphansi kakhulu.

13 Nobaba omdala wayelokhu evakashela umhlangano, futhi enxusa, ebona imenenja, nawo wonke umuntu. "Wozani, nikhuleke! Wozani, nikhuleke! Yilokho kuphela, wozani esibhedlela nje futhi nikhuleke."

Imenenja yathi, "Mlethe emhlanganweni."

14 Wathi "Singeke samgudluza esibhedlela. Uyafa." Wayesethi, "Uma uMfowethu Branham ubengeza nje, acele uNkulunkulu, uNkulunkulu uzokupha."

Ngacabanga, "Ukukholwa okunje pho!"

15 Ngaya esibhedlela, nodokotela abangangingenisa. Bathi, "Qhabo, wena uyindoda eganiwe, unabantwana." UBilly Paul wayesemncane ngalesosikhathi. Bathi, "Ungeke wangena," bathi, "ngoba wena unomntwana."

16 Ngase ngithi, "Manje, ngiqondile ukuthi udokotela qobo lwakhe wayeyiKatolika." Ngathi, "Ukuba umpristi ubefuna ukunikeza imikhuba yokugcina yesonto kumntwana, uma eyiKatolika, beningamvumela ukuba angene na?"

17 Wathi, "Lokho kwehlukile. Umpristi akanabantwana." Niyabo? Wathi, "Wena ubuzothwala igciwane liye kumntanakho."

18 Ngase ngithi, "Kodwa, buka, mnumzane. Ake ngizethwese icala. Ngizosayina iphepha. Ngizozethwesa icala. Uma ningenakho ukukholwa okwenele ukuyongena lapho–ke ngalokho, anginamsebenzi ngokungena, indawo yokuqala." Ngathi–ke, "Kodwa ngizozethwesa icala." Ngase ngithi, "Cabanga ngakho manje, ukuba lowomfana ubeyiKatolika, futhi ubefa; futhi wena ubungahle, noma ikanjani, uvimbele umpristi ekumnikeni imikhuba yokugcina yebandla na?"

Wathi, "Qhabo bengingeke ngakwenza lokho."

19 Ngathi, "Ngibaluleke kakhulu nje kubo njengoba kwenza umpristi kwiKatolika."

20 Wayesethi, "Kulungile," futhi waze wavuma ekugcineni. Wangigqokisa njengenhlangano iKu Klux Klan, okohlobo olunjalo, lonke loluhlobo lwezinto phezu kwami, wayese—sengingenisa lapho kulomfana omncane, efa.

21 Umama nobaba baguqa ngakwelinye icala. Ngase ngikhuleka umkhuleko omncane olula nje, "Nkosi Jesu, ngiyaKwethemba ukuba uvuse lomfana, e fa–. . . izisekelo zokukholwa kwalobaba nomama," ngase ngibeka izandla zami phezu komfana omncane. Wayekade equlekile ezintathu, cishe izinsuku ezintathu, ngiyakholwa, futhi nje ecish'ukungaphefumuli. Ngase ngisukuma, ngathi, "Amen." Ngakhuleka cishe umzuzwana, ngase ngisukuma.

22 Nobaba omdala wabamba umama ngezingalo zakhe, wayesethi, "Kucabange, s'thandwa, umfana wethu usephilisiwe!" Kungekho–phawu lwakho nhlobo. Futhi nje babangana ngokugonana, futhi bebonga iNkosi.

23 Nomhlengikazi omncane, umntwana omncane, intombi, njalo, yayithi ayibe neshumi nesishiyagalombili, iminyaka engamashumi amabili ubudala. Yayinebhande layo labahlengikazi, futhi i. . . noma, yayingumhlengikazi oneziqu. Yayisithi, "Mnumzane, ngiyesaba awuqondi." Yathi, "Umfana uyafa."

Yathi, "O, qhabo. Umfana uzophila." Ubaba washo.

24 Yayisithi, "Ungaziphatha kanjani kanjalo, nowakho. . . uyazi umfana wakho uyafa, phansi kokucabangela kwamanga okunje njengoba ukunikiwe na?"

Wathi, "Lokho akusikho ukucabangela kwamanga." U . . .

25 Yathi, "Buka." Manje ngingahle. . . Kungahle kube nodokotela ohleziyo okhona. Angikwazi lokhu mayelana nomuthi, namathuluzi amagama ezemithi. Bamnika olunye uhlobo lokuqopha ukusebenza kwezicubu phakathi kwenhliziyo, nenhliziyo yakhe yayiphansi kakhulu. Yayikade iphansi kangako. Udokotela wathi. . . Umhlengikazi waphinda udokotela, futhi u. . . "Lokho akukaze kwaziwe emlandwini, uma inhliziyo ike yaze yaba phansi kangako, ukuba yona ike ize iphinde ivuseleleke futhi."

26 Angisoze ngakukhohlwa ukubukeka kwendoda. Umfo omdala osa–baba wenyuka wayesebeka isandla sakhe phezu kwehlombe lomhlengikazi omncane. Wathi, "Sista," wathi, "uyabo, wena ubuka leloshadi." Wathi, "Yilokho kuphela okwaziyo, ngokubuka lokho. Kodwa," wathi, "Mina ngibuka isithembiso sobuNkulunkulu."

27 Umfana useyisithunywa senkolo eAfrika manje, unabantwana abathathu. Niyabo? Niyabo? Kuya ngokuthi ubukani, niyabo. Wakholwa.

28 Manje, lokho ngukukholwa okufanayo, "Uma Uzoza ubeke izandla zaKho phezu komntanami. Uma uzokhuluma izwi, inceku yami . . . " Niyabo, leyo yinto ethize onayo. U—u . . .

29 Manje–ke kwakunge—kwakungesikho ukubeka umdlalo. Umfo omdala wakukholwa lokho. Wayebambe Into ethize.

30 Owesifazane owathinta ingubo yaKhe. "Uma ngifanele nje ngithinte ingubo yaKhe!" Yilokho–ke. Ufanele ukubambe ngqi lokho kukholwa, phansi enhliziyweni yakho. Kufana nje njengokuthi uthi . . .

31 Uyazi, wena wesilisa, uma u—uma uluhlobo olukahle lomyeni, akekho owesifazane ezweni omthanda njengomkakho. Kungahle kube nabanye abesifazane abangabukeka bebahle kakhulu. Kungahle kube nabesifazane abebe—abebengaba nga—nga—ngabesifazane abahle, kanjalonjalo. Kodwa into ethize, uma umthanda ngempela umkakho, kunento ethize phakathi ongakuqapheli ukuthi ubukeka enjani. Uyamthanda. Futhi a—awazi ukuthi kungani, kodwa uyamthanda. Futhi, abesifazane, wena okufunayo kumyeni wakho. Wena, uyathanda. Nani zintombi emasokeni amasoka kuya entombini. Uma ubonane nalowomuntu owaziyo ukuthi uyamthanda, kunento ethize phakathi lapho owaziyo ukuthi uyabathanda.

32 Awu, lokho kuyinto efanayo mayelana nokukholwa. Uyazi ukuthi kuzokwenzeka. Akukho–thunzi, akunandaba ukuthi bangaki abebengasho okuphambene; usalokhu ukholwa into efanayo, ngoba lokho kungokoqobo, ukukholwa kwangoqobo kwangempela. Manje yibani nalokhu kulobubusuku, sisakhuluma ngalendaba.

33 Ngikhulume kakhulu impela, futhi kade ngisemhlanganweni isikhathi eside kakhulu manje, angikaze ngibe nokwehla, cishe impela, selokhu kwaba nguKhisimuzi. Futhi ngithe ukusha izwi kancane emphinjeni wami, ngenxa yesimo sezulu esishintshayo, nesikhathi, kanjalonjalo.

34 Ngifuna ukukhuluma kini kulobubusuku ngendaba ethi, "vusani uJesu," noma: *Ukubizela uJesu ENkundleni*.

35 Ekufundeni kwethu umBhalo, sithola ukuthi kwakukade kukhona umhlangano omkhulu. UJesu wayekade ehambahamba, enza izimanga ezinkulu, njalo enza okuhle, kanti futhi enza okwakuthokozisa uNkulunkulu. Wayehlala njalo ethokozisa uNkulunkulu, kodwa Akazithokozisanga Yena uqobo, iBhayibheli lasho. Futhi sithola ukuthi Wazenza Waziwa ngokucacile, ukuthi WayenguBani, ngemisebenzi yaKhe. Imisebenzi yaKhe yakhomba ukuthi Wayengubani.

36 Namandla ayephumile kuYe. Wayekade efundisa imifanekiso, usuku lonke, namandla ayephumile kuYe. Futhi Wayekade ene. . . wayezowela ulwandle, ngaphesheya, awelele kwelinye icala. Ngokuba yilokho Ayeyikho, Wa—Wayazi ukuthi kwakunomsebenzi omkhulu ngaphambili, ngakwelinye icala. Futhi Wayekhathele kakhulu. Amandla ayephumile kuYe, usuku lonke gulukuqu, njengoba abantu babeMthintile ngokukholwa kwabo, ukuba baMkholwe, kanjalonjalo. Futhi Wayene. . .

37 Amandla ayesukile kuYe, futhi Wayekhathele. Ngakho Wabuyela emuva kwingemuva lomkhumbi wayeselala phansi esicamelweni, umBhalo uyasitshela, ukuba akathi ukuphumula kancane ngenkathi umkhumbi uwela ulwandle, uwela uLwandle lwaseGalile, ithuba lokuphumula okuncane.

38 Abafundi baKhe bacosha izigwedlo, base bephakamisa oseyili, futhi nje amatilosi ayekwenza. Wona, yilowo owawo, amaningi awo, umsebenzi wawo. Ayengabadobi lapho olwandle, futhi—futhi ayazi ukuthi zilawulwa kanjani lezizikebhe. Futhi ayesemuva emsebenzini wawo, nje enesikhathi esikhulu sokujabula, isikhathi sejubili, mhlampe ekhuluma ngezinto ezazenzeke ngalolosuku.

39 Niyazi, kunokuthize ngakho, ukuthi nxa sibona iNkosi yethu uJesu enza izinto, futhi akwazi ukwazi ukuthi nguYe, ukuthi akukho lutho olunye olungakwenza kodwa nguYe, sivele nje si. . . Nxa sibuthana ndawonye, sivele nje. . . Wonke umuntu ufuna ukufakaza. Wonke umuntu ufuna ukusho okuthize, futhi bafuna ukukhuluma ngakho. Ungaba nayo imvuselelo ebandleni lakho; umelusi angakhuluma umlayezo omangalisayo, noma umvangeli, kumbe noma kungaba ubani; noma ungabona into ethize yenzeka, noma into ethize komakhelwane, omunye waphiliswa. Omakhelwane bahlangana ndawonye bakhulume ngakho. "Kumangalisa kanjani nje! Ubukhona na? Ubuyokubona. Bekuyinto egqamile." Kunokuthize ngoNkulunkulu okuxhuxhumisa inhliziyo yomuntu ukwedlula noma yini enye into eyenzekayo. Kukhona i. . . Kuyizehlakalo ezingalibaleki nje uma sifika sixhumane neNkosi uJesu bese sibona izinto Azenzayo, zinkulu kakhulu futhi ziyamangalisa izindlela zaKhe.

40 Manje sithola ukuthi babethokoza ngemisebenzi eyayikade yenziwe emvuselelweni yalolosuku, futhi mhlampe ngingasifanisa thina, kulobubusuku, ngendlela efanayo.

41 Manje sisanda kuzibonela nje enye yezimvuselelo ezinkulu kunazo zonke, ngiyakholwa, izwe elike layibona, kulena edlule eyishumi, iminyaka eyishumi nanhlanu. Kade kuyi—yimvuselelo, hhayi nje njengezinsuku zikaBilly Sunday, noma izinsuku zemvuselelo yaseWales, noma izinsuku zemvuselelo ka—kaWesley, noma imvuselelo kaMoody, noma imvuselelo kaBilly Sunday. Bekuludaba olushanela emhlabeni, umhlaba

jikelele. Izinkonzo ezinkulu zokuphilisa nemililo emikhulu yezimvuselelo ushise okwangempela onke amagquma akhona ezweni. Kubo lobusuku, le ngale emazweni aseAfrika, kwehlele eShayina naseJapani, leliVangeli liyashunyayelwa, nabantu bayaphiliswa ngawo lomzuzu, ukujikeleza nokujikeleza umhlaba. Bekungenye yezimvuselelo ezinkulu kunazo zonke, ngoba, ngiyakholwa, ingenye yezimvuselelo zokugcina lomhlaba ozozibona, imvuselelo eshanela umhlaba.

42 Kodwa manje, eminyakeni embalwa edlule, yehlile. Anisayiqapheli intshisekelo kubantu, eyayivame ukuba khona.

43 Ngiyakhumbula ngokuba nenhlanhla, ngoMoya oNgcwele, uhola kakhulu leyomvuselelo eyaqalayo, ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi ibonakala emfuleni yase isho lokho, cishe eminyakeni eminingi edlule. Nokukubona kwenzeka, futhi uyibone ivuthisa izinhliziyo zabefundisi, ndawo zonke, kwaqhuma izimvuselelo. Ngani, wawungavele nje uhambe ungene endlini, nabantu bavele nje kalula basukume baphume ezinhlakeni zabo zemibhede nezinhlaka, futhi basuke bahambe, bephilisiwe. Wawungadingi ngisho nokuba uze usho izwi elilodwa. Nje—nje ukuba lapho, kuthathe lokho kuphela.

44 Ngiyakhumbula ngobunye ubusuku eVandalia, eIllinois. Ngahamba ngangena emhlanganweni, futhi yayingakedluli imizuzu engaphezu kwemihlanu, futhi kwakungasekho–muntu obuthakathaka ngasendaweni, nomaphi. Izihlalo ezinamasondo zafuqelwa phandle futhi zanqwatshelwa. Impumputhe yayibona, nesithulu nesimungulu bekhuluma, futhi—futhi nje kalula ku. . . uMoya weNkosi wawukhona, futhi nje Yavele nje yaliphilisa lonke iqembu labo. Manje lokho kungalenkathi ungenza okuthize, uma kwenzeka imvuselelo. Kodwa badedela lowomlilo wemvuselelo walotha, khona–ke kungal'khuni. . . Abantu basengamaKristu, kodwa abavuselelwe kulowoMoya, lesosimo esenza okuthize.

45 Kufana nasesithandweni nje, esitolo somkhandi wezinsimbi. Ufanele uyishisise insimbi ngaphambi kokuba uyoyicangcatha esikhandweni. Uma ungakwenzi, awusoze wayiqondisa.

46 Futhi kuthatha lokho ukuba nemvuselelo, ngumuntu wonke ephansi kokushisa kukaMoya oNgcwele owehlise amandla kaNkulunkulu nemvuselelo inyakaza. Khona–ke kunomhlangano womkhuleko oqhubekayo, imini nobusuku, yonke imizuzu, ndawo zonke. Ngani, abantu babengasuki ngisho nasezinkundleni!

47 Ngiyakhumbula eJonesboro, eArkansas, ngenkathi kuqala ngiqala eyami. . . ngomhlangano wami wesithathu. Kuqala eSaint Louis, bese–ke kuba seCorning, bese–ke kuba sezansi eJonesboro. Iphepha labalula, "Abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili–nesishiyagalombili emhlanganweni." Amamayela angamashumi amabili noma amashumi amathathu

ukusuka edolobheni, kwakungamathende nje emisiwe. Wawungeke uyithole indlu yaseplazini ukuhlala kuyo, idolobha elincane laseJonesboro. Nabantu bevela emamayeleni, bephethe iziketekete, behamba ngezinyawo bedabula emenweni, babambe i—ibhasi bese beza.

48 Ngahlala phandle ehlane ngokunye ukuhlwa, ngikhuleka ngaphambi kokuba kuqale inkonzo, ngase ngibona izintombi ziza zigodle izicathulo zazo namasokisi amade. Kwase kuthi–ke ngaphambi kokuba zehlele lapho, zime futhi zithintithe uthuli ezinyaweni zabo, bese zifaka amasokisi azo amade ne—ne—nezicathulo, bese—ziyongena emhlanganweni.

49 Ngase ngizibona zibeka abantwana bazo abagulayo phansi kwamatrakhi amadala kakotini, futhi zihlale lapho imini nobusuku; zimbozwe ngamaphepha noseyili phezu kwabo, ngenkathi lina, isiphepho sivunguza; singashiyi indawo yaso, zilindele nje ukungena ngaphakathi endlini.

50 Yilapho impumputhe yayibona khona, isithulu sasizwa. Nenkonzo, kulobubusuku, ingamamayela angamakhulu ngaphambili le kwalokho, kodwa imililo yemvuselelo usulothile.

51 Sibona abantu behamba benyukela lapho futhi bathi. . . Khomba ngomunwe wakho nje, bese uthi, "Awu, uyakholwa, mfowethu na?" Yilokho kuphela, wayesephumile futhi esehambile. Yilokho kuphela okwakudinga ukwenziwa. Bakholwa. Imvuselelo yayinyakaza.

52 Manje, lababafundi babekubonile lokho, futhi ngendlela yobumfundamakhwela babephila injabulo, ngenkathi uJesu esaphumule, ngalokho ababekubonile kwenziwa ngalolosuku.

53 Futhi ngicabanga ukuthi imvuselelo yenza into enjengaleyo, ukuthi manje siphila nje esikhathini esithulayo, ngenkathi Esaphumule mhlawumbe phakathi kwemihlangano, noma imvuselelo nokuFika kwaKhe. Futhi siyajabula ngezinto esizibonile ezansi ngesikhathi salemvuselelo, imisebenzi emikhulu nemangalisayo. Akunandaba ukuthi izwe lithini, sisalokhu sikubonile kwenziwa! Kuyinkulumombiko, kungamaqinisio, kwenziwa.

54 Bangahle ukuba bathatha ithuba, ngenkathi oseyili wawusahamba kahle impela, ukukhuluma ngaYe, ngezenzo zaKhe, ngezisho zaKhe, ngobuMesiya baKhe. Abaningi babo bangahle ukuba ba. . . balababafundi, bangahle ukuba bakhuluma ngalokho ababekubonile kwenziwa, okunye kuya kokunye.

55 Njengoba senza nje, ngesikhathi semvuselelo eShreveport, ngesikhathi semvuselelo kwe—kwelinye idolobha elithile, sizokhuluma ngakho.

56 Manje yileyondlela ababenza ngayo. Mhlawumbe kwakunguSimoni, njengoba sikhulume ngakho izolo ebusuku,

ethi, "Awu, ngenkathi uAndreya engitshela ngaYe, ngathi ukuba manqikanqika kancanyana. Kodwa ngenkathi Engitshela ukuthi nganingubani nokuthi ubaba wami wayengubani, lokho kwakhipha konke ukuqagela kimi. Nga—ngakukholwa–ke."

57 Kungahle ukuba uFiliphu wayeshilo, abanye bomunye; kungahle ukuba kwakunguAndreya owashoyo. Sixoxe ngenenekazi emthonjeni, izolo ebusuku. Ngahle ukuba babekade bekhuluma ngalo, ngenkathi besho into enjengale, "Bazalwane, niyazi, ngenkathi kuyisikhathi sami esixakile, ngenkathi ngi— sahamba ukuyofuna ukudla. Futhi siyabuya futhi sasimi ngaphandle kwezihlahla, futhi saMbona ekhuluma kulona wesifazane onegama elibi. Sacabanga, ezinhliziyweni zethu, 'Uma–ke abanye babapristi bengakhuphuka futhi babone lokhu, iNkosi yethu ikhuluma kowesifazane walobo bungako besimilo, bangathini ngaYe na?' Bese–ke siyakhumbula ukuthi sazi kanjani, thina esasinokuMethemba, ukuthi kwakungokwenhloso ethize ukuthi Wayekhuluma kuye.

58 "Kwase kuthi–ke ngenkathi Emtshela, 'Hamba ulande indoda yakho uze lapha.' Wayesethi, 'Anginandoda.' Zagxuma kanjani izinhliziyo zethu, ngoba sacabanga ukuthi kukanye kunokwehluleka. UJesu wayetshele owesifazane ayenaye, akahambe alande 'indoda' yakhe, kanti wayengenandoda. Niyakukhumbula ukubuka esasinakho ebusweni bomunye nomunye lapho simangala, ukucabanga ukuthi konke ukwethemba esasinakho kuYe, futhi lapha laqathazwa masinyane na?

59 "Sesiyathola–ke, masinya Wakhuluma kwezwakala wayesethi, 'Ukhulume iqiniso, ngokuba ubunamadoda ayisihlanu, nale onayo manje ayisiyo eyakho.'

60 "Manje–ke ngenkathi eMqonda njengoMesiya, uMesiya kaNkulunkulu, futhi washo lapho, ukuthi, 'Siyazi ukuthi uMesiya uyeza. Wena ufanele ukuba ngumProfethi, ngokuba siyazi, nxa uMesiya efika, Uzokwenza lokhu.' Nobufakazi kulowomuzi, lobobufakazi bowesifazane babanokuthela kubantu bomuzi.

61 "Manje–ke kufanele ukuthi kwakunguJohane omncane owathi, 'Niyazi, ngizonitshela ukuthi yini eyenza kube yikho ngempela kimi, lolosuku ngenkathi Ehlephula isinkwa. Manje, sasilambe sonke, futhi Wayephumile wayongena ehlane, futhi asikwazanga ukuMthola, futhi sahlangana naYe lapho. Futhi zonke izixuku zafika zazungeza, futhi, into yokuqala niyazi, simthola ethi, 'Bathumeleni emzini, ukuyothenga ukudla.' Futhi—futhi Wasitshela ukuba si 'baphe ukudla' ke. Futhi Wathola lawomabhiskidi amahlanu nezinhlanzi ezincane ezimbili, Wayesehlephula lesosinkwa. Futhi ngaqaphela isandla saKhe ngenkathi Esebuyela komunye uphisi wesinkwa, lelobheskidi laphinde lakhula futhi. Kwase kuthi–ke ngenkathi

ebuyela emuva, alibeke epleyitini, wayesebuyela emuva, leyonhlanzi yabuyela yakhula futhi. Hhayi kuphela inhlanzi ejwayelekile, kodwa kwakuyinhlanzi ephekiwe, niyabo, isivele yabuye yakhula futhi."

62 Hlobo luni lwesakhi iatomu Aludedelayo, bazalwane, inhlanzi ephekiwe, isinkwa esiphekiwe, sakwedlula ukumila? Futhi sasazi ukuthi Wayengumdali, kodwa lapha Wenza okudaliweyo kwenhlanzi esivele iphekiwe nesinkwa esiphekiwe.

63 UJohane kufanele ukuthi washo into enjengale. Wathi, "Niyazi, ngenkathi ngisengumfana, sasakhe ezansi ngaseJeriko. Ngiyakhumbula umama wami ongumJuda wayevamise ukungithunduzela ukuba ngilale ntambama; ngithathe isihlwathi sami santambama. Ngangivame ukumbheka emehlweni akhe, bese engixoxela izindaba zeBhayibheli."

64 Futhi, niyazi, leyo yinto enhle kunoma yimuphi umama ukuba ayenze kumntanakhe. "Khulisa umntwana ngendlela ayofanele ayihambe." Kungangcono kunokuvula itelevishini bese nibukela ezinye zalezi lapha izinto eqhubeka kwitelevishini. Ungangcono uma umfundela indaba yeBhayibheli, ngoba kuhlaba umxhwele ingqondo yakhe encane.

65 Manje wathi, "Wayevame . . . Owesifazane wayevame ukungixoxela nge—ngendaba yowesifazane waseShunemi emukela umfana wakhe ebuye ephila, ngomprofethi uElija. Ngakuthanda lokho. Manje–ke wayevame ukungixoxela ngabantu bakithi bephuma eGibhithe. Futhi sasiseMfuleni iJordani ngqo. Futhi wayekhomba ngaphesheya komfula, bese ethi, 'Johane, bakha amakhempu ngaphesheya nje. Futhi babeyiminyaka engamashumi amane kulelohlane, noNkulunkulu wabondla ngemana. Izingubo zabo azizange ziguge. NoNkulunkulu wabapha isinkwa, futhi esifreshi, njalo ekuseni.'

66 "Futhi yayinjani eyami encane, inhliziyo yobuntwana, ngangivame ukuthi, 'Mama, ngabe uNkulunkulu unenqwaba yoavini abakhulu phezulu lapho ezibhakabhakeni, futhi Ubhaka sonke lesisinkwa, bese Emisa ngomumo iziNgelosi zaKhe ukuba zehlise isinkwa sasekuseni bese eseneka e . . . ?'

67 "'Qhabo,' wayesethi. 'Johane, usemncane kakhulu ukukuqonda. Uyabo, uNkulunkulu akanabo oavini esibhakabhakeni. Akabadingi oavini. Yithina esidingeka sibe noavini. Kodwa uNkulunkulu akawudingi, ngoba UnguMdali. Niyabo, Uyakhuluma nje, nesinkwa sendlaleka e . . . UnguMdali.'

68 "Futhi, bazalwane, ngenkathi ngimi lapho namhlanje futhi ngaMbhekisisa ethatha lowophisi wesinkwa futhi wawudabula lowo, futhi ngenkathi esebuyela emuva komunye uphisi, udalekile, ngazile ukuthi ukuthi besingalandeli—landeli

umprofethi wamanga. Lowo kwakunguMdali, qobo lwaKhe, kuMuntu." Futhii . . .

69 Futhi manje–ke bangahle ukuba baxoxa ngesimo sabanye babantu; abanye bakholwa, abanye abakholwanga; bese kuba–ke yisimo saKhe ngakubantu.

70 Manje, niyazi, ubuKristu sebushintshe kakhulu impela, ngalezizinsuku zokugcina. Manje usufanele umtotose umuntu, ubethembise yonke inqwaba, ubaphe yonke inqwaba, ukubenza bakholwe, beze esontweni, futhi ubethembise ukuthi bazoba nabajwayelana nabo abangcono nayo yonke into. Lobo akusibo ubuKristu.

71 UbuKristu abutototoswa. UbuKristu bumigoxigoxi. Kunjalo. Buyi—buyi—yi . . . UbuKristu abusiso isithombo esikhulela engajaneni evundisiwe.

72 Isithombo esikhulela engajaneni evundisiwe siyisithombo esibhasteliwe, ikakhulukazi. Ufanele usifuthe ngaso sonke isikhathi, uxoshe izilwanyakazane kuso. Lokho kungenxa yobuthakathaka baso. Futhi yileyondlela ozofanele uyenze inqwaba yamaKristu, uthi ukuwafutha ngenqwaba ye—yezithembiso.

73 Nina, anikudingi. Isithombo sangoqobo ngempela asidingi kufuthwa. Izilokazana azihlali kuso.

74 Kufana nje, namhlanje, ukuthi umuntu uzama ukuthatha izinto futhi aziphendukezele. UNkulunkulu, ekuqaleni, Wathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo."

75 Bengifunda kwiphephabhuku i*Reader's Digest* lapha, lapho aba—abathatha esikubiza ngommbila obhasteliwe, futhi wenza isikhwebu esihle kakhulu, impela, isikhwebu esihle esikhulukazi; kodwa asisizi, akukho lutho kuso. Futhi benza utamatisi ongcono, awunambitheki ngisho nanjengotamatisi. Futhi benza, banenkukhu manje engenawo ngisho namaphiko. Ukubhastelisa! Niyabo?

76 Futhi manje, khumbulani, ungahle ukuba ube nommbila obhasteliwe, kodwa ungeke ubuye uyitshale leyombewu. Ingeke iphinde ivele. Iyofa. Ngani na? Ayinakuphila kuyo. Ufanele uyibhastelise njalo. Ingeke, iyolokhu yanda. Lokho kukhombisa inguqunguquko, ngokwemibono yabantu, kuliphutha.

77 Ungathatha i—ihhashi lensikazi nembongolo eyinkunzi, bese uzizalanisa bese uthola umnyuzi, kodwa umnyuzi ungeke ubuye uzizale futhi. Kuphelile. Yilokho kuphela. Uphelile.

78 Futhi bathi manje, ukuthi kweminye iminyaka engamashumi amabili, uma bengabavimbeli lababantu ekudleni lezizinto eziwukudla okubhasteliwe, njengokommbila nokolo nezinto abazibhastelayo, ukuthi, "Kushintsha ukuma komzimba wabesifazane. Bangeke bakwazi ukuba nezingane, eminyakeni

engamashumi amabili kusukela manje. Kubulala isizukulwane." Akunazinto kukho.

79 Indoda ayenziwe njengoba ayevame ukuba njalo. Bukani indoda namhlanje. Ngani, wona, ayevame ukuthi, emidlalweni yebhola ayenendluzula. Manje asefanele afake izigqoko zokuzivikela; abulala idazini njalo ngonyaka, eshaya emakhanda awo njengempangele, ifa khona manje; ukulwa nayo yonke into. Indoda yenziwe ngesixheke senkucunkucu. Ku, futhi kungenxa yezinto ezibhasteliwe, futhi kone wonke umgudu wo—wokuphila kwethu, wonke umnotho wethu.

80 Na—na—nalokho kubhastela sekungene ebandleni, futhi. Esikhundleni sokuba nesigejane sangempela esimahlikihliki samakholwa eBhayibheli, akubhastele ngamahlelo. Futhi afanele ukuba athi, "Ngina*lokhu*, ngina*lokho;* ngingowa *lokhu,* ngingowa*lokho*." Ngukubhastela, nento ingeke yaziveza futhi.

81 Sidinga incwadi yeZenzo futhi. Kodwa indlela kuphela oyokwenza ngayo ngukubuyela eBhayibhelini, futhi udede kwezinye zalenkolo ebhasteliwe.

82 Ukubhastela, bafanele batototoswe! Akukho kukholwa! Nje isigejane soku—kuziphaqula ukuziphaqula ngophawuda, nje okwenziwe sasitabane, kutotoselwe kukho. "Ngiyi . . . " Ngithi, ungumKristu na? "NgiyiMethodisti." UngumKristu na? "NgiyiPresbyterian. NgiyiPentecostal." Lokho akusho *lokho*, kuNkulunkulu. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.]

83 UngumKristu ngoba uzalwa eMoyeni kaKristu, neZwi likaNkulunkulu liphila kuwe.

84 Niyazi, ngihlala njalo ngilijabulela ihhashi elibhasteliwe . . . Niyazi, linengqondo. Unga—ungalifundisa izinto, ulenzele izinto, futhi liyofunda. Kodwa thatha umnyuzi omdala, akukho ongawenzela khona. Uyimbongolo nje endala enkulu enezindlebe ezinde. Uhlala lapho, futhi, ubungakhuluma kuwo, uyomisa izindlebe zawo, futhi, "Mm? Mm? Mm?" Niyabo, lokho, ubhastelwe nje.

85 Kukhumbuzana, inqwaba yale ebizwa kanjalo ngokuthi amaKristu, ukubhastela, inkolo yembongolo. Ubatshela ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade; uthi, "AngiKukholwa." Niyabo? Futhi ngakho ungeke neze wamfundisa lutho. Ungamfundisa kanjani; akasekho, empeleni. "Ibandla lami liKukholwa nga*le*ndlela. Elami liKukholwa nga*leyo*ndlela." Kodwa iZwi likaNkulunkulu lithi nguYena izolo, namuhla, naphakade! Angimthandi umKristu obhasteliwe.

86 Ngithanda i—ngithanda ihhashi lohlobo. Liyazi ukuthi kwakungubani ubaba walo, wayengubani umama walo,

kwakungubani umkhulu nogogo walo. Lizazi zonke izizukulwane kusukela emuva le.

87 Wenzenjalo nomKristu wohlobo, uyazi ukuthi uBani uBaba wakhe. Uvela kuNkulunkulu; UyiZwi likaNkulunkulu, Unguye njengoba Wayelokhu enjalo. Ungumkhiqizo owuhlobo lwangempela lukaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu likuye, uJesu Kristu Ezibonakalisa.

88 Isigejane sabangakholwa! UJesu wayefuna ukuthuntutha isigejane esiyizindlamagazi ngolunye usuku, Wayenabaningi kakhulu abaMlandelayo. Wayenabafundi baKhe. Manje–ke, Wayenamashumi ayisikhombisa, inhlangano yabefundisi. Manje–ke, Wayenebandla, ngezinkulungwane. Wabe–ke esenza lesisitatimende, Wathi, "Uma ningadli iGazi . . . nidle inyama yeNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kini."

89 Manje nicabanga ukuthi udokotela wezemithi wayengathini, ehlezi ngaphandle ebandleni na? Ucabanga ukuthi indoda ecabanga ngokusile yayingathini, esikubiza ngokucabanga okusile na? Akazange akuchaze. Wayengadinge kukuchaza. Ngani, udokotela wayezothi, "Suka kulowoMfo. Uyahlanya. U . . . Sizoba yizindlabantu. Siphuza iGazi loMuntu, sidla inyama yaKhe na?"

90 Futhi ibandla, sengathi ngiyabona umpristi wathi, "Yiso lesisikhathi. Nakhu lapho esingena khona. Siphuma siyahamba! Asisoze sethamela omunye wemihlangano." Basuka bahamba. Manje–ke, Wabasusa bonke kuYe.

91 Wayesejika-ke Wayesethi kwabangamashumi ayisikhombisa, Wathi "Niyothini nxa nibona iNdodana yomuntu yenyukela eZulwini lapho Evela khona na?"

92 Manje, lawomashumi ayisikhombisa athi, "INdodana yomuntu yenyukela lapho Evela khona na? Ngani, Yayikade inathi kuwo impela umkhombe lapho Eyazalelwa khona. Siyamazi umama waYo. Sizibonile izingubo, imbeleko Eyayisongwe ngayo. Yazalelwa ezansi lapho eBetlehema laseJudiya. Yakhuliswa ngapha eNazaretha. Nampo abafowaBo, odadewaBo, nabobonke bakanye nathi. Yayisithi–ke, 'LeNdodana yenyuka na?'" Manje, Akakuchazanga, Wavele nje wakusho. Manje, babengenakukuchaza, babengenakukulungisa engqondweni yabo. "Awu," bathi, "nakhu lapho esingena khona," ngakho baphuma. Kungako ababengakumela.

93 Basenamaqembu afanayo. Kunjalo. Sisenawo. Siyaqaphela.

94 Wayesephenduka. Khumbulani, labobafundi babengenakukuchaza lokho, nabo, kodwa babenokukholwa. Manje–ke uJesu waphenduka wayesebuka abayishumi nambili, wayesethi, "Nizohamba nani na?"

95 Kwase kuthi–ke uPetru wenza lawomagama agqamile, "Nkosi, siyoyaphi na? Ngokuba siqiniseke ngokugcwele, siyazi ukuthi Wena uneZwi lokuPhila, futhi Wena wedwa." Niyabo? Babengenakukuchaza ukuthi babezoyidla kanjani inyama yaKhe futhi baphuze iGazi laKhe. Babengenakuqonda ukuthi Wayezokwenyukela kanjani lapho Ehla evela khona, kanti Wayezalelwe eBetlehema. Abakwazanga. Kodwa, niyabo, ukukholwa akwazi kwehluleka. Kugxilise okwehange. Kuhlala lapho, akunandaba ukuthi noma yini yathini. Kwahlala lapho. Babemiselwe kulokhu ukuPhila. Futhi Uyi . . . Bahlala lapho.

96 Manje lezozinhlobo ezehlukene. Abanye bakholwa. Abanye bathi, "Umuntu akaze akhulume kanje." Abanye abakholwanga, futhi bathi, "O, lokho, singahle sikuxoxe lokho."

97 Abanye bathi, "Umuntu akaze akhulume njengaloMuntu. Kunento exakile ngaYe. Akushoyo, Uyakwazi ukukwesekela." Awu, bakusho lokho, niyazi, bathi, "Akakhulumi njengompristi. Akakhulumi njengorabi. Ngokuba Akushoyo, uNkulunkulu uyakweseka, Uyakuqinisekisa Akusho." O, he!

98 Cishe kwakunguJohane osemncane, ngaleyonkathi, wathi, "Kucabangeni! SinaYe unathi khona manje. Kufanele ukuthi kwakungukududuzeka! Ukuphepha okunje pho!" Ukuphepha okunje pho obekufanele kube yikho kithi!

99 Ngiyisithunywa senkolo, ukujikeleza nokujikeleza umhlaba. Futhi ngibone zonke izinhlobo zezinkolo zonkulunkulu abanabo, onkulunkulu babahedeni; abakaMohamede, uBuda, namaSikh, amaJain, o, nabanye, nonkulunkulu babahedeni bamadoda esizwe. Kodwa, bonke, akukho namunye wabo oqinisile kodwa ubuKristu. Bonke, abaqambi babo bafile, futhi banethuna lapho ambelwa khona. Kodwa ubuKristu yibona kuphela obuqinisile, ngoba uMqambi wethu wafa, wembelwa, kodwa wabuye wavuka, futhi singafakazisa ukuthi Uyaphila.

100 Ethuneni likaMohamede, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, cishe, kade kuyihhashi elimhlophe, lishintsha abaqaphi njalo emahoreni angaka, kulindelwe uMohamede ukuba avuke kwabafileyo bese egibela ehle nezwe futhi alinqobe.

101 Kodwa uJesu usevele uvukile kwabafileyo, sekuyiminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi unathi kulobubusuku. Bese kuthi–ke uma sibona ubumnyama, futhi sibone ukuphela kwesikhathi, indlela okuyiyo manje, kwenyukela emahoreni esiphila kuwo, sisahamba ngomkhumbi olwandle olukhulu lokuphila oluzothile, lapho izilwandle ezinesiphepho, no—nomkhumbi ungaphahlazeka khona noma yinini. Lamalambu amancane angashayeka *kanjalo*. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Noma, singahle singaphumi kulendlu kulobubusuku, namunye wethu. Asazi ukuthi sikhathi sini ukufa okuza ngaso.

102 Futhi ukuzizwela ukuphepha okunje pho okufanele ukuthi kwakuyikho, kulabobafundi, ukwazi yena impela uMdali, owayekade Ezikhombe yena impela ukuthi uyilowoMuntu, wayehamba ngomkhumbi olwandle olukhulu nabo.

103 Futhi umcabango obusiswe kanje pho, ithemba elibusiswe kanje pho, isiqiniseko esinje pho, kulelihora elimnyama ekupheleni komlando wezwe, ukwazi ukuthi uMdali uhamba ngomkhumbi olwandle olukhulu lokuphila oluzothile nathi, sihlanganiswe ngqi! Amabhomu, noma yini engafika, mabagibele, baqhumise, basakaze, noma yini abafuna ukuyenza, akwenzi mehluko kimi, ngihamba ngomkhumbi noMdali. Ukuphepha okunje pho, sisahamba ngomkhumbi emanzini amaningi!

104 Manje besakhuluma, bekhuluma ngaYe, mayelana nokuthi zinto zini ezinkulu Ayezenzile. Emva kokuzitika ngemvuselelo, uJesu mhlampe wayephumule njengoba enjalo, ngasho, phakathi kwezimvuselelo. Futhi si . . . babekade bekhonjwe ngokucacile ukuthi WayenguBani. Abantu bazi ukuthi WayenguBani, balabo Ayebaphuphuthekisa. Kodwa labo ababenokubambelela emBhalweni, ngoba babazi ukuthi umBhalo . . . IZwi likaNkulunkulu linikeziwe, inqwaba, esizukulwaneni ngasinye, nalesosithembiso salowonyaka sizofanele sigcwaliseke. Futhi Wagcwalisa khona impela okwakufanele kwenziwe ngesikhathi sikaMesiya. Wahlangabezana nazo zonke izidingakalo. Khona–ke si . . . waqinisekiswa ukuthi WayenguMuntu.

105 Kodwa, niyabo, Wayejwayeleke kakhulu. Wayengagqokisile okompristi. Wayenakho, qhabo, hhayi imfundo njenga—njengalokho ebesingakubiza ngemfundo. Asinakho okuqoshwe phansi ngaYe eya ngisho nasesikoleni. Kodwa kwakukhona okuthize ngaYe okwakwehlukile.

106 Wayesebamema–ke, lapho babengaqondi, wathi, “Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, naleyo yiyonanto efakaza ngaMi. Iyanitshela ukuthi NginguBani.”

107 Futhi manje, khumbulani, babekade bonke benalokhu enhliziyweni yabo futhi wayecabanga ngalezizinto. Futhi besahamba ngomkhumbi ngasolwandle, ukuthi babefana kanjani nabantwana, inqobo nje uma Wayesemkhunjini nabo.

108 Manje, mngani, bekufanele kwenzeni lokho kithi! UJesu Kristu ofanayo okhonjiweyo, uMdali ofanayo, uNkulunkulu ofanayo, unathi kulobubusuku. Ukuphepha okunje—okunje pho, ukuzwa okunje pho, ukwazi ukuthi uBukhona baKhe bulapha.

109 Manje siyathola, ngqo ngenkathi babenalesisikhathi esikhulu, khona manjalo, kwavuka inkathazo. Umkhumbi wangqangqazela, oseyili baphephuka, amanzi agcwala isikebhe. Onke amathemba okusinda lalingasekho.

110 Manje, akuxakile yini, njengoba kunjalo nje manje, njengoba siza sehlela ekugcineni manje, akuxakile na? Singakhuluma ngokuthi Mkhulu kangaka; singasho ukuthi Mkhulu kangaka, ebandleni lethu uma sifakaza; sitshela izisebenzi zethu, abaqashi, ukuthi Mkhulu kangaka; sitshela abantu emgwaqeni ukuthi Mkhulu kangaka; futhi, uma kugadla inkathazo, siba sengxakini. Niyabo? Sivele nje . . . Niyabo? Izinto esiMbone ezenza, izinto esaziyo ukuthi Uyazenza; bese nje ededela ukugula okuncane, noma inkathazo encane igadle ekhaya, bhekisisani ukuthi kwenzekani; konke kuhambe kwaba yizicucu, onke—onke amathemba alisekho.

111 Nakuba babeMbonile enza izinto eziningi kakhulu; zonke ziyakhohlwakala nxa kugadla inkathazo.

112 Njengamanje, siyibonile lemvuselelo enkulu, sinomlando wezinye izmvuselelo ezinkulu, sinoBukhona baKhe, siyazazi lezizinto, futhi ngezinye izikhathi inkathazo iyangena esingenakuyelapha. Ba . . .

113 Isibonelo njengamanje, sinenkathazo emabandleni ethu manje. Sinezinkathazo zamahlelo, izimpikiswano emabandleni ethu. Asazi ukuthi kuzokwenzekani. Sibona into enkulu ibumbeka lapho. Sonke thina makholwa eBhayibhelini sibona into ezokwenzeka. Akukho–muntu ongakwazi lokho.

114 Futhi onke amabandla azongeniswa kulowoMkhandlu wamaBandla enkolo yobukristu. Manje–ke, uma wenza lokho, uzolahlekelwa amalungelo akho amakhulu okufundisa kobuvangeli beBhayibheli. NamaPentecostal azwelana nakho, angena ngqo kukho, njengengulube iya ekuhlatshweni kwayo, kunjalo, umkhandlu wenkolo yobukristu. Abaholi abaningi abakhulu bePentcecostal bevumelana nabo. Ngiyanitshela, ningalokothi nelulele intamo yenu entweni enjengaleyo. Yilokho impela iBhayibheli elathi kuyofezeka. Naso isilo nophawu, futhi, ngokuphelele, yonke into ibekwe ngokuhlelekile ngqo, futhi sibona lokhu futhi siyamangala ukuthi uzoba yini umphumela wakho.

115 Kwangena inkathazo. Futhi bakhohlwa ukuthi yena Lo ababekhuluma ngaye, yena impela uMdali, wayesesikebheni nabo.

Manje uthi "Uma bengingacabanga lokho!"

116 Awu, khumbulani, sisalokhu sinaYe, ngoba UyiZwi, njalo. KuJohane 1:1, njengoba sikhulumile izolo ebusuku, "WayeyiZwi; neZwi laba yinyama futhi lakha phakathi kwethu." Futhi sisalokhu sinalo iZwi laKhe elisiqondisa emicabangweni yaKhe nokwenza kwaKhe kwalolusuku. Niyabo? I . . . Hhayi imicabango uMose ayenayo ngosuku lwakhe, hhayi imicabango yabafundi, hhayi imicabango kaLuther, noma uWesley, noma unyaka wamaPentecostal, noma yimuphi walabo. SineBhayibheli lapha elisitshela ngokuzokwenzeka manje.

Niyabo? Sibona imvuselelo yamaPentecostal eBhayibhelini, iLuthela, nayo yonke leyominyaka yebandla. Sayibona. Kodwa sinomBhalo futhi lapha ositshela ukuthi kuzoba njani manje. Nalowo nguNkulunkulu, uNkulunkulu ehumusha iZwi laKhe Yena lalonyaka esiphila kuwo. Ungumhumushi waKhe Yena. Futhi, nokho, sithola ukuxakeka. Ningaxakeki.

117 Abafundi baKhe ngezinye izikhathi bangena ezinkathazweni zangokomzimba abangenakuzelapha, njengokugula nje, umdlavuza, nokunjalo, odokotela abangeke, abazi ukuthi bazokwenzenjani ngakho. Thina, njengabo, siyakhohlwa ukuthi uBani osemkhunjini.

118 Babefanele bazi ukuthi Wayazi izinto zonke. Wayazi ukuthi zazikwenzeka. Wayeyi . . . Wayazi izinto zonke, ngakho Wayazi ukuthi lokhu kwakuzokwenzeka. Kuzokwenzeka kubo. Wayekudedelelani kwenzeke na? Ngenkathi Engena kulowomkhumbi, Wayazi ukuthi lokho kwakuzokwenzeka.

119 Uyazi ukuthi sadingeka sidibane nalesisimo, futhi Usitshele ngaphambili lapha eBhayibhelini ukuthi kuyoba ngaleyondlela.

Manje Wayenzani na? Ehlola ukukholwa kwabo.

120 Kungani Adedele o—o—omuhle, omncane, owesifazane obukeka engumama ahlale esihlalweni esinamasondo, kanjalo na? Kungani Adedele abafo abasha abahle lapha, lezi insizwa ezihlezi lapha kulezizihlalo ezinamasondo, amanenekazi, kanjalonjalo na? Kungani Ekwenza na? Futhi, noma kunjalo, bangahle babe ngabakhubazekile, bephila impilo ejwayelekile nje. Kodwa kungahle kube nabanye abahlezi lapha abaphethwe yinhliziyo, futhi, uma uNkulunkulu engakuphilisi, ungahle ube usufile ngaphambi kwasekuseni. Kunjalo. Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. Mhlawumbe kwenzelwa ukunikeza ukukholwa kwethu ukuhlolwa. Yingakho kwenzelwa bona. Washo njalo. Niyabo? Kuyafana manje.

121 Wayesekufakazisile ukuthi WayenguBani, ngamaZwi nezibonakaliso ayezifakazisile phakathi kwabo, ukuthi Wayengoqinisekisiwe, uMesiya ogcotshiwe owayezoza.

122 Futhi Ufakazisile phakathi kwethu, ngomBhaphathizo kaMoya oNgcwele nokubuya kwezinto Azethembisa ngalolusuku, ukuthi Wayezozenza. Ufakazisile ukuthi Ulapha. Uyafakazisa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi niyabona ukuthi singangena kalula kanjani engxakini kunoma yiyiphi into encane na? Asifanele neze sikudedele kwenzeke. Qhabo.

123 Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi elotshwe ngaMi, khona–ke ningaNgikholwa." Futhi uma iBandla, uma uMoya oNgcwele namhlanje, ungenzi izinto owawufanele uzenze zalelihora, khona–ke ningawukholwa uMlayezo; ninelungelo lokungaWukholwa.

124 Kodwa Wethembisa ukuthi lezizinto Azenzayo khona manje ziyobe zenzeka ngaso lesisikhathi. Ngakho bekufanele kusenze sizizwe siphephe kakhulu, sithi, "Ngenyukela emhlanganweni. UMoya oNgcwele omkhulu, ngiyaqonda, uphezulu lapho wembula izimfihlo zezinhliziyo zabantu." Yilokho impela Athi Wayezokwenza lapho Eyokwembulwa ngezinsuku zokugcina. UJesu Kristu washo, qobo lwaKhe, ukuthi yilokho impela Ayezokwenza.

125 Wayesethi, "Izwe liyoba sesimweni njengoba lalinjalo ngezinsuku zaseSodoma." Yilapho–ke nje elikhona manje. Wathi, "Amabandla ayohlukaniswa, njengoba ayenjalo nje ngaleyonkathi," uLoti, osivivi, ezansi eBabiloni, noma ezansi eSodoma, nabaseSodoma. Wathi, "Abrahama, okhethiweyo, iqembu elibizelwe ngaphandle," Wayesethumela isithunywa eqenjini elikhethiweyo. Wayesethumela izithunwa ezimbili ezansi kubo, zimele ngamunye. Futhi yilokho nje Akwenzile, ngisho nakulo lonke igama, konke ukwenza wonke umnyakazo, yonke into nje ingokuphelele, zonke izibonakaliso, konke ukubonakalisa, kufanana nje nse. Wathi kuyokwenzeka.

126 Manje sesabani na? Ezani lezizinto ezikithi na? Uyazivivinya, ukubona ukuthi sizokwenzani ngakho. Qaphelani.

127 Wabatshela, wathi, "Manje, uma ningenakuNgikholwa, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo; iyafakaza ukuthi NginguBani." Babefanele bakwazi, kodwa abazange. Ba . . .

128 WayenguNkulunkulu, Owadala, uMdali wemimoya evunguzayo nolwandle. Uma Akwazi ukudala imimoya evunguzayo nolwandle, Wayengeke yini ayenze kakhulu ilalele iZwi laKhe na? Uma Adala yonke into, Angeke yini enza yonke into ilalele na? Asikhumbule, futhi, Wadala imizimba yethu, izofanele nayo ilalele iZwi laKhe. "Awu," wena uthi, "Uma nje bengingaba nesiqiniseko salokho." Awu, siqinisekile ngakho. Ulapha ukukufakazisa ukuthi kunjalo. Izofanele ikulalele. Khumbulani. Une . . .

129 Uma silele, kungasekho lutho kuphela isipunu esigcwele somlotha, Wethembisa ukuvusa leyomilotha. Wethembisa ukuwuvusa. Umzimba uzofanele uMlalele. Futhi lokho kungenkathi sifa, siphumule ngokuqiniseka ukuthi siyovuswa, ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Nesithembiso saKhe siyiZwi laKhe, futhi siyakholwa. Niyakholelwa ekuvukeni komzimba na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Uma ungakholelwa, awusuye umKristu. Ngakho siyakholwa ukuthi Uyosivusa ngezinsuku zokugcina. Wethembisa ukukwenza. Futhi yini leyo na? Lelo yiZwi laKhe. Yilapho esibekela khona yonke into esinayo, kuleloZwi ngqo.

130 Bese kuthi–ke uma sekufika esikhathini sokuthi sibona iZwi likhonjwa, ukuba libe nathi; khona–ke sinjengabafundi, kolunye udaba ngenkathi besolwandle, futhi—futhi base bezocwila futhi,

kwelinye ithuba. Futhi bambonile uJesu eza ehamba phezu kwamanzi, futhi besaba. Bathi, "Yi—yisipoki. Kuyesabisa." Besaba ukuthi kwakuyithongo, futhi bakhala ngokwesaba. Into kuphela eyayingabasiza, babeyesaba.

131 Futhi kunjalo namhlanje, yona impela into kuphela engasiza abantu, bayayesaba. Wathi, "Ningesabi. YiMina." Uyakhuluma. Wawungazi kanjani ukuthi kwakunguYe na? Ukhonjwa yiZwi laKhe. Yileyondlela Akhombe ngayo okokuqala. Yileyondlela Akhombe ngayo ngasosonke isikhathi, ngeZwi laKhe. Qaphelani.

132 Emva kokuba lababa discip–. . .abafundi bazithola khona ekupheleni, kufanele ukuthi kwasa kwabanye babo ukuthi uMdali wayesalokhu enabo.

133 Ngithemba ukuthi kuyakwenza lokho kithi, kulobubusuku, ngokuba amaHeberu 13:8 athi Nguyena.

134 Base benzani-ke na? Bavusa uJesu. "Hamba uvuse uJesu. Mvuse, Mbize enkundleni!" Ubizwa kalula kabi. Babebonile, babona izinto eziningi kakhulu uNkulunkulu ayezenzile, na—na—namaZwi eMqinisekisa. Sibe njalo nathi. Futhi Wayengel'khuni ukubizelwa emnyakazweni.

135 BaMvusa, base bethi, "U . . . aWunaki nakuba sibhubha na?"

Nina nithi, "Singaqiniseka kanjani ngalokhu na? Singakufakazisa na?"

136 UJohane 14:12, uJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina Naye uyakuyenza." Kunjalo impela. Ukukholwa kwethu kuletha uKristu ebukhoneni bethu.

137 Washo ku—kuLuka, isahluko 17, "Ngezinsuku lapho iNdodana yomuntu yembulwa, kuyoba yisikhathi njengeSodoma neGomora." Siyakubona lokho kwenzeka.

138 Wathi, ngaphambi kokuba lesosikhathi senzeke, kuMalaki 4, ukuthi, "Kuyoba noMlayezo ophumayo oyobuyisela abantu babuyele ekuKholweni kwasekuqaleni okwanikelwa abantu kwaba kanye." Njalo wuhlelo lukaNkulunkulu ukwenza lokho. Kuyobe sekuthi–ke ababi babe yimilotha, nabalungelo baphume bahambe phezu kwezinyawo zabo.

139 Siyazibona zonke lezi zithenjisiwe. Ulindele wena khona manje, wena, wena, nonke, ukuba niMbize enkundleni. NiMbiza inkundla! Yilapho Afuna ukuba khona, abizwe enkundleni yomnyakazo. Qaphela uma uMbiza enkundleni, ngakho manje–ke besingathi, "AsiMvuse." Bese–ke, siMbiza ukuba aqinise iZwi laKhe ne—ento Athembisa ukuyenza, indlela Ayoba ngayo. Siyoyazi, esambulweni sikaJesu Kristu ngezinsuku zokugcina, siyoba njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma. Wethembisa lesosambulo eBandleni, lapho Eyokwembulwa. Ngakho ungangabazi futhi wesabe, Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

140 Ngezwa owesifazane, ngesinye isikhathi, ngenkathi ngikhuluma ngaYe emkhulu kakhulu. Wathi, "Yinye into engimelene nayo ngokufundisa kwakho, Mnu. Branham."

141 Ngathi, "Awu, ngiyabonga, uma unento eyodwa kuphela." Ngathi, "Nge—ngethemba ukuthi uNkulunkulu uthola kuphela kungaleyondlela." Wayesethi, "Awu, uqhosha kakhulu ngoJesu."

142 Ngathi, "Ngethemba ukuthi yiyonanto kuphela emelene nami." Ngase—ngase ngithi, "Angiqhoshi ngokwenele ngaYe."

143 Wathi, "O, yebo, uyaqhosha." Wathi, "UMenza onobuNkulunkulu." Kwakungowesifazane owayengakholwa ukuthi uJesu wayenobuNkulunkulu. WayeyiSayense yamaKristu. Wayesethi, "UMenza—uMenza onobuNkulunkulu, uMenza uNkulunkulu."

144 Ngathi, "Kuphakathi kokuthi UnguNkulunkulu, noma umdukisi omkhulu kunabo bonke izwe elake lamazi." Ngathi, "U . . ."

145 Wathi, "Awu, ngingakufakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho, ukuthi Wayengesuye. Wayengumprofethi nje kuphela."

Ngathi, "Wayengumprofethi, qiniso, kodwa WayenguNkulunkulu, futhi."

Wathi, "Wayengumuntu futhi Wayengosazofa."

Ngathi, "yiqiniso lelo, futhi."

146 Wathi, "Esendleleni ebheke ezansi ukuyovusa uLazaru ethuneni, uJohane oNgcwele isahluko 11, wathi, iBhayibheli lathi, 'UJesu wakhala izinyembezi.'"

Ngathi, "Yiqiniso lelo."

147 Wathi, "Awu, lokho kuyafakazisa ukuthi Wayengeke aba ngonobuNkulunkulu, futhi ekhala izinyembezi."

148 Ngathi, "O, he, nenekazi, ngabe yileyo impikiswano yakho na?" Ngathi, "Leyo ingengenamandla." Wathi . . . Ngathi, "Qiniso, WayenguMuntu ngenkathi Ekhala izinyembezi; kodwa ngenkathi Enyakazisa umzimba waKhe omncane, wahosha amahlombe aKhe amancane ahlehla wayesethi, 'Lazaru, phuma,' nomuntu owayesenezinsuku ezine efile, futhi wayebola ethuneni, wama ngezinyawo zakhe wabuye waphila, lowo wayengaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu."

149 Wayengumuntu, phandle lapha kulesisikebhe ngalobobusuku, ngenkathi Ephandle olwandle, lapho amademoni ayizinkulungwane eziyishumi asolwandle efunga ukuthi ayezoMminzisa. Lesosikebhe esidadlana sasishukunyiswa njengesivimbo sebhodlela phandle lapho olwandle olunesiphepho. Wayengumuntu, ekhathele, elele. Kodwa ngenkathi beMvusa futhi beMbiza enkundleni, Wabeka olunye unyawo phezu kwentambo kaseyili Wayesebuka

phezulu, wayesethi, "Thula, uthi du," nemimoya evunguzayo namagagasi kwaMlalela. Lowo waye ngaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu.

150 Wayengumuntu ngenkathi Ehla entabeni, elambile, ebuka esihlahleni ukuba athole angakudla. Wayengumuntu ngenkathi Elambile. Kodwa ngenkathi Esethathe amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lowo wayengaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu ekulowoMuntu.

151 Wonke umuntu oke wafinyelela egqumeni likabhontshisi, bekungabantu abakukholwa lokho. Kunjalo. Izimbongi nabanye bakukholwa lokho, ukuthi uNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.

152 Futhi manje uKristu useBandleni, ebuyisela abantu kuNkulunkulu. Wethembisa ukukwenza. Bekulotshiwe, ukuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi Ulindele nje ukubizwa enkundleni. Manje into kuphela engaMbiza enkundleni, kungokwethu ukuba siMvuse kithina uqobo, siMbize enkundleni.

153 Wayeyisipho esikhulu kunazo zonke uNkulunkulu ake asipha izwe. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa; okholwa yiYo akayikubhubha; abe nokuPhila okuPhakade." Bhekisisani uNkulunkulu nesipho saKhe. Manje, abantu basebenzisa isipho sikaNkulunkulu.

154 Owesifazane omncane, ngesinye isikhathi, wakukholwa lokho, ukuthi Wayengukuzibonakalisa kukaNkulunkulu enyameni. Wayesethi, "Uma ngithinta ingubo yaKhe, ngi—ngi—ngizosinda."

155 Manje, wathinta ingubo yaKhe. Wayesephenduka, wayesethi, "Ubani oNgithintile na? Niyabo, amandla, ukuqina, kusukile kiMi." Wathinta ingubo yaKhe. Lowo kwakunguye esebenzisa isipho sikaNkulunkulu. Niyabo? Waphela amandla kulokho.

Kodwa ngenkathi Esuka ekhaya likaLazaru . . .

156 Khumbulani, uJohane oNgcwele 5:19, uJesu wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza." Khumbulani, uJesu Kristu akazange enze nesisodwa isimangaliso, akazange enze noma yini ngendlela yokuphezu kwemvelo, Waze kuqala wabona umbono wokuthi akenzeni. Bangaki okukholwayo ukuthi lokho kuyiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UJohane oNgcwele 5, "Ngiqinisile, hhayi lokho eNgikuzwayo, hhayi lokho eNgikutshelwa ngomunye umuntu; eNgibona uBaba ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza." Manje uma lokho

kungenjalo, khona–ke wonke umBhalo awunjalo. "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza. UBaba uyasebenza naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Ngamany'amazwi, Wasebenza nje, wenze lokho uNkulunkulu aMtshela ukuba akwenze.

157 Manje, khumbulani, ngenkathi Esuka ekhaya likaLazaru, Wayehambe izinsuku eziningana. ULazaru wagula, base bethumela kuYe. Akayanga. Izinsuku ezimbili kamuva, uLazaru wagula kakhulu. Ngakho bathumela kuYe futhi, noma kunjalo Akayanga. Kwase kuthi–ke sekuyisikhathi esifanele, uYise wayeseMbonisile okwakuzokwenzeka, uLazaru wafa. Wayesejika, ngenkathi uLazaru efa, wathi, "ULazaru ufile, futhi Ngiyajabula ngenxa yenu ukuthi beNgingekho." Babeyofuna Amkhulekele, kanjalonjalo. Wenze nje lokho uNkulunkulu aMtshele ukuba akwenze, Akubonayo, umbono. Niyabo, Wayebone umbono wokuthi akenzeni. "Kodwa Ngiyahamba ukuyomvusa." Mm! Nakho lapho okhona.

158 Bhekisisani uMarta eza ukuzoMbona. Wathi, "Nkosi, ukuba Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyokupha yona." Niyabo?

159 Wayekwazi Ayezokwenza. Mbhekisiseni ethuneni likaLazaru. Wathi, "Baba, NgiyaKubonga, Wena Usuvele uNgizwile, kodwa Ngikushilo nje ngenxa yalaba abemi eduzane."

160 "Lazaru, phuma!" NoLazaru wavuka kwabafileyo.

161 Manje, Akazange asho lutho ngokuphela amandla lapho. Lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe. Nabantu besebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu kwakwehlukile.

162 Ngokuba, WayeyiZwi. "NeZwi libukhali kunenkemba esika nhlangothi–zombili," kusho iBhayibheli, "futhi lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Lokho kufakazisa ukuthi uNkulunkulu uphakathi kwabantu. Yebo. Asikukholwe. Umi ngomumo, ngokweZwi laKhe, ukuba abizwe enkundleni, kulobubusuku.

163 Bangaki olapha ogulayo nodingayo, phakamisani izandla zenu. Asibone izandla zenu, bangaki ogulayo nodingayo, nomaphi. Awu, into kuphela Ayilindele ngukubizwa enkundleni. Mceleni nje.

164 Manje ukuba–ke Ubemi lapha nalesudi Angipha yona, bese wenyukela phambi kwaKhe wase uthi, "Nkosi Jesu, Ngifuna Ungiphilise," niyazi ukuthi Ubengathini na? "Sengivele ngikwenzile."

165 "Yalinyazwa ngeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Angeke akwenza okwesibili. Ngakho,

niyabo, Usevele ukwenzile. Uzofanele ukukholwe. Ayikho into ongayenza, ofanele ukubongwa ngakho kunoma yini, uku— ukuthola insindiso yakho noma ukuphiliswa. Ayikho into ongayenza ngakho. Kuyisipho sangesihle sikaNkulunkulu. Niyabo, ngumusa, isipho sangesihle. Uma ngikupha amadola ayisigdi bese uqondisa uthayi wami; angikuphanga; kukhona okwenzile ngakho. Niyabo? Izipho zikaNkulunkulu zingesihle. Into kuphela ozofanele uyenze ngukusikholwa, ukuthi Ukuthengele lokhu, wena. U . . . Sekuvele kuthengiwe. Wakwenzela wena. Futhi akukho–muntu ezweni . . .

166 Angazi ukuthi beninani lapha eBaton Rouge. Yonke into ishushumbisa izwe, izifaniso nalokho. Siyazi ukuthi nje ukuthi lokho kufanele kube ngaleyondlela. Kodwa uma kungena umuntu futhi akutshele ukuthi unamandla okukuphilisa, uqamba amanga. UNkulunkulu yedwa ongaphilisa. "NgiyiNkosi uNkulunkulu ophilisa zonke izifo zenu." Akayikwabelana inkazimulo yaKhe nanoma ubani. Akukho–muntu onamandla okuphilisa.

167 Kodwa ukhona umuntu oneziphiwo, ukubonakalisa uNkulunkulu. Umelusi wakho . . . [UMfowethu Branham uyakhwehlela—Umhl.] Ngiyaxolisa. Angathatha uNkulunkulu, ngesiphiwo se—se . . . Uthisha, angalichaza iZwi ngakho ubophezelekile ukuLibona. Uma ninamehlo okubona, nizokubona. Kukhona esinye, mhlawumbe esinye isiphiwo esithize. Kodwa njalo kunesiphiwo esibonakalisa uBukhona bukaNkulunkulu, futhi, lapho, wena qobo lwakho uzofanele ukukholwe.

168 Isoni singahle sifike lapha ealtare njengensizwa noma owesifazane, eneminyaka eyishumi nane ubudala, futhi bakulethele ukudla kwakho lapha, futhi ukhale eNkosini, uze ube neminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, ubungeke uze usindiswe. Kodwa uzofanele kuqala wemukele lokho Akwenzele khona. Niyabo? Uzofanele ukwemukele, qobo lwakho. Khona–ke uma ukwemukela, khona–ke UngumPristi oMkhulu, umlamuleli, ukwenza izinxuselo phezu kokuvuma kwakho kwalokho okukholwayo.

169 Manje leyo yinto efanayo ngesiphiwo ngalendlela. Sisusa ingqondo yakho uqobo kuwe, bese kuthi–ke ubone lokho Athi kwenze.

170 Ngibona abantu beza emsamo, bagxuma phansi–naphezulu bese umpompoloza, bese uthi, "O, Mfowethu Branham, nginakho konke ukukholwa ezweni." Wenzani phezulu lapha, pho–ke na? Niyabo? Lokho yi—lokho yidlingozi, futhi akusikho ukukholwa.

171 Ukukholwa kwangoqobo akwazi–kwehlulwa. Sekuvele kwenziwe. Sekuvele kwedlule. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuqeda, niyabo. "UNkulunkulu washo njalo!"

Manje yinto efanayo, noma nini. Uma ukukholwa ngempela, lokho kuyaMthinta.

172 Manje lowo wesifazane omncane owathinta ingubo yaKhe, wathi, "Uma nje kodwa ngithinta ingubo yaKhe, ngizosinda," futhi wakwenza. Futhi ngenkathi enza lokho ukukholwa kwakhe okwakufuna akwenze, "ithinte," Wakuzwa, niyabo, Wayesephenduka futhi wakhuluma kuye.

173 Manje, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Uma nje kuphela nimzokholwa uKristu, Mkholweni! Ukukholwa kwenu makuthinte ingubo yaKhe. Futhi Yena, khona manje, ungumPristi omKhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Sonke siyakwazi lokho. Futhi uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, Uzofanele enze namhlanje njengoba Enzile izolo uma EngumPristi oMkhulu ofanayo. Manje ningekukholwe na? Nje nibe nokukholwa kuNkulunkulu.

174 Uma nginitshele amanga, khona–ke uNkulunkulu angeke akweseka. Uma nginitshele iQiniso, Uzo—UzoLeseka. Ubophezelekile ukweseka iQiniso.

175 UJesu wathi, "Nginofakazi." Nofakazi yiZwi likaNkulunkulu, kusobala. Wathi, "ImiBhalo ifakaza ngaMi. Uma ingafakazi ngaMi, khona–ke ningakukholwa." Niyabo?

176 Futhi uma imiBhalo ungafakazi ngalokho enginitshela khona manje, ukuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade," khona–ke ningawukholwa umBhalo. Ngoba, umBhalo wathi Wayenguye, futhi Wethembisa lezizinto zalonyaka wokugcina. Khumbulani, ekupheleni nje konyaka wamaJuda, UZembula kanjalo–ke, uMesiya. Ukuphela ko—konyaka wamaSamariya, Wenza okufanayo. Manje ekupheleni konyaka wabeZizwe. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

177 Mvuse kunembeza wakho, Mbize enkundleni, sisakhothamisa amakhanda ethu.

178 Baba waseZulwini, izwi nje elivela kuWe manje lizoba ngokweneleyo. Lizoba yikho konke esikudingayo, izwi nje elivela kuWe. Kwangathi abantu bangaqondisisa ukuthi mpumeleloni, esizama ukuyenza, Nkosi, nguku—ngukubatholisa izinzuzo zeNkosi uJesu abamthandayo nabamkhonzayo. Kwangathi bangakwenza futhi kulobubusuku, Nkosi. Ngoba, ukufa kwaKho akubanga yize. Wa "linyazwa ngeziphambeko zethu, walinyazwa ngenxa yobubi bethu." "Isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi wonke umuntu ophakathi lapha, eBukhoneni bobuNkulunkulu, uzokuqonda lokhu futhi uzothola umbono, futhi uzophiliswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. NgeGama likaJesu Kristu, ngizethula mina uqobo nalelibandla, odumweni lwaKhe nenkazimulo. Amen.

179 Manje hloniphani ngempela, okwemizuzu embalwa nje. Manje izwi nje elivela kuYe lizosho lukhulu kunakho konke ebengingakusho, noma konke noma ubani obengakwenza, ngoba nguYe okwenzayo. Nguye. Ungowenzayo, futhi sethemba ukuthi i—iNkosi uJesu izonipha lezizinto manje, ngamunye.

180 Manje ake sibone ukuthi sikhathi sini. Bengingazi ukuthi bese kuyileso. Nginitshela ukuba niphume ngesikhathi, esifanele sikwenze, asinaso isikhathi sokwenyusa lomugqa. Asibize ezethamelini ngqo.

181 Manje asithathe nje umBhalo, umzuzu nje. Manje iBhayibheli liyethembisa, ngalolusuku, ukuthi ukuphinda kweSodoma neGomora kuzophindwa. Bangaki okukholwayo lokho manje, phakamisa isandla sakho? IBhayibheli liyakukhomba lokho manje.

182 Bese kuthi–ke kwakuyini leyo eSodoma neGomora na? KwakunguNkulunkulu esimweni sesidalwa somuntu. Nendlela uAbrahama akwazi ngayo, kungenkathi Ethi, "Uhlekeleni uSara ethendeni, ngemuva na? Noma, wakungabazelani, amazwi Ayewakhulume ukuthi anjalo?" Wayekwazi ukubona ukuthi uSara wayecabangani, emva kwaKhe. Manje bonani nje ukuthi kwakungesikho yini.

183 Manje, lokho kwakungesikho ebandleni laseBabiloni, noma ibandla laseSodoma. Qhabo, qhabo. Lokho kwakungesikho kulabobantu ezansi lapho ezikhundleni zamahlelo. Qhabo, mnumzane, akuyi neze kubo. Banesithunywa sabo. Niyabo?

184 Kodwa eBandleni elikhethiweyo, iNzalo ka-Abrahama enkulu efanele ukukholwa iZwi kungakhathaleki ukuthi kuzimo zini, "UAbrahama wabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona." UNkulunkulu washo njalo, futhi Wakukholwa. Manje, mngani, ngi—ngiyazi ukuthi uNkulunkulu ubophezelekile kuleliZwi, ukuligcina.

185 Manje ngifuna nina, noma ngabe nikuphi endlini, ukuba nihlale imizuzwana embalwa, noma ngabe nikuphi. Futhi nikholwe, nikholwe nje ngayo yonke inhliziyo yenu.

186 Manje ukuba benginganiphilisa, ukuba bengingaphilisa lentombazanyana inhliziyo yami emzwelayo, ukuba bengingaphilisa leyonto encane elele lapho, bengi—ngi—ngingabengingagaqa ngisuka lapha ngiye eNdaweni yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho, ukuba bengingaphumelela, ukukwenza, kumbe noma ubani onanoma yimuphi umuzwa womuntu. Kodwa ngeke ngakwenza lokho kunalutho. Mhlawumbe abanye benu lapho bazophila kancanyana nje, benomdlavuza. Ukuba benginganiphilisa, bengizo. . .Bengingeke ngakufanela ukuma kulomsamo ukuba bengingakwenza futhi ngikwenze. Manje, bengingeke. Inhliziyo yami iyanizwela. Bengingakwenza ukuba bengingakwazi, kodwa angikwazi. Akekho omunye umuntu ongakwenza.

Kunjalo. Kodwa, niyabo, uJesu usevele ukwenzile. Niyabo? Futhi Uzama kuphela ukunithola ukuba nikukholwe lokho. Kodwa ni . . .

187 Ngiyabadabukela abantu. Kube nezinto eziningi kakhulu ebaphuphuthekisile, *le*ndlela na*leyo*ndlela, kuze kuthi, abantu abazihluphekelayo, njengezimvu ezingenamelusi, cishe impela. Abazi ukuthi bazokwenzenjani. Omunye usho *lokhu* nomunye usho *lokho*. Ningakucabangi okushiwo ngumuntu. "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into ethiwa nguMoya oNgcwele."

188 Futhi, khumbulani, uPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Isithembiso ngesenu nesabantwana benu, nesabo bonke okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Niyabo?

189 UJesu wethembisa ukuthi lezizinto zaziyokwenzeka ngezinsuku zokugcina, ukuthi uNkulunkulu wayezobuya ngesimo senyama yomuntu, njengawe nami lapha kulobubusuku, futhi asebenze leyonto efanayo ngaphambi nje kokuba izwe libhujiswe. Nezwe libe njengeSodoma. Niyabo? Manje sinaso isimo saseSodoma kahle; konke ukuma, wonke umuntu, yonke into ihlezi kahle nje impela.

190 Manje kungeke yini ukukholwa kwethu kwafika kulokho na? SingeMbize yini enkundleni na? Simbize enkundleni. Ukukholwa kwenu kuyiyonanto kuphela engakwenza. Manje kholwani ngenhliziyo yenu yonke, ngamunye wenu manje.

191 Futhi kukhona engifuna ukunibuza khona. Ngaphandle kwanoma yimaphi amakhadi omkhuleko, . . .–phandle noma ngubani phezulu lapha, uma lowoMoya oNgcwele omkhulu uzokwehlela lapha, nangogcobo lwenu nogcobo olukimi, futhi luzokhomba ukuthi uJesu Kristu usebenza phakathi phakathi kwethu kanje, yini enye Abengayenza na? Asikho esinye isithembiso eBhayibhelini, esingaphezu kwaleso. Leso yisithembiso esiphakeme. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela, yiso. Siyi—siyinto yokugcina onyakeni webandla.

192 AmaJuda, ngesikhathi sesikhathi sokuHlupheka, nase . . . lapho ano—nokuvakashelwa emuva lapho, kodwa hhayi ebandleni labeZizwe.

193 Lena yinto yokugcina ethenjiswe kwabeZizwe. Yiqiniso. Niyabo, kwakungabeZizwe ezansi lapho eSodoma, lalizoshiswa. Nalokho, nangu u—uMlobokazi, owayeyiNzalo ka–Abrahama yobuKhosi, enguMlobokazi ebizwa aphume phakathi koweZizwe. Leso yisibonakaliso sabo esiphethayo, konke okwaso.

194 Kumake encwadini yakho. Sengiyikhehla. Kodwa nje kumake encwadini yakho futhi ubone ukuthi kuyafezeka yini, noma qha. Niyabo, nisekupheleni manje. Nini na? Angazi. Ngibheke Yena namhlanje. Uma Engekho namhlanje,

Ngizobe ngiMbhekile kusasa. Uma Engekho lapho kusasa. Ngizobe ngibheke ngosuku olulandelayo. Uma Engekho lapha ngalonyaka, ngizobe ngiMbheke ngonyaka ozayo. Ngiyazi Uyeza. Angiwazi umzuzu noma ihora, kodwa ngiyazi yonke into igcwalisekile, ilungele uHlwitho. Ibandla libizelwa ngaphandle. Kuyoba ngukuhamba okuyimfihlo; nje kunyamalalwe, futhi kuzoba yilokho kuphela.

195 Nezwe liqhubeka ngqo ngokufanayo, abantu beshumayela, nabantu becabanga ukuthi bayasindiswa, impela nje njengoba benza ngezinsuku zikaNowa, kanjalonjalo. UNowa wangena emkhunjini, nabantu baqhubeka ngqo, nezwe liphenduka ngokufanayo nje. Kucabangeni! Futhi, balahlwe Phakade, becabanga ukuthi basindisiwe.

196 Ngolunye lwalezizinsuku ngizoletha ithende elikhulu kulelizwe, bese ngiligxumeka lapha, ukuze sibe nezinkonzo zantambama, neziyalo, ukuze niqonde ukuthi lezizinto kangcono. Sihlanganise bonke abazalwane bethu ndawonye ukuze sibe nezinkonzo.

197 Manje uma uJesu Kristu egcwalisa isithembiso saKhe, khona–ke sibophezelekile ukuba siMkholwe. Ngifuna nonke, ngamunye wenu, nje ukuba nibe nokukholwa okunjengokomntwana okulula nje, ukuba niMkholwe.

198 Manje njengoba nje nithi ukuba nohlobo lokuqala namakhanda enu ekhotheme, futhi niqale ukukhuleka, nithi, "Nkosi Jesu, manje ngiyazi ukuthi lendoda ayingazi. Futhi ngingodingayo. Futhi siyatshelwa ukuthi Wena ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Uma nje Uzovele umtshele . . . Uma ngingaKuthinta, nje ukhuluma ngaye, Nkosi, ukuthi ngizokwenza, ngiyakwazi okwakhe . . . ngiyazi ukuthi nguWe. Ngiyazi ukuthi ayingazi."

199 Nalokho kuphandle lapho ezethamelini, izethameli ezixubile nje; zokukholwa, ukungakholwa, ukuzenzisa; izoni, ongcwele, nabo bonke ndawonye.

200 Manje nifanele nikholwe. Manje uma Ezokwenza lokhu ezethamelini lapha, ngifuna ngamunye wenu phakathi lapha, athi, "Mfowethu Branham, ngi—ngiyazi ukuthi lowo kuzofanele kube nguYe obuka phezu kwebandla njengoba Enza ngaleyonkathi." Ngifuna nina, uma nizokholwa ngempela, ngifuna uphakamise isandla sakho, uthi, "Nkosi, ngizokwemukela ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi ngiyakholwa ukuthi nguKristu Jesu, ngokwesithembiso saKhe." Endlini yonke. UNkulunkulu anibusise. Lokho kuhle. O, kubi kakhulu nje asinayo inyanga ukuba sibe ngapha. Niyabo, nje sidedele . . . Ngimusha kini. Niyabo, kul'khuni. Qhubekani nje nikholwa.

201 Manje, ngukuKhanya. UNkulunkulu ungukuKhanya, siyakwazi lokho, iNsika yoMlilo. Futhi manje khulekani nje futhi niYithinte, futhi kwangathi iNkosi uJesu ingaphendula.

202 Manje ngithatha yonke imimoya phakathi lapha ibe phansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu, ngenkazimulo yaKhe. Manje hloniphani ngempela. Khulekani. Hloniphani ngempela.

203 Manje, Nansi. Kunenenekazi khona lapha phambi kwami. Libhekise ikhanda lalo phansi, futhi likhulekela inhlupheko yalo uqobo. Uma ufuna ukuphakamisa ikhanda lakho manje, likhona lapha phambi kwami. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaphilisa kulesosifo sikashukela futhi akusindise na? Manje, yilokho onakho, isifo sikashukela. Angikwazi. Uyisihambi uqobo kimi. Kodwa uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma—uma siyizihambi komunye nomunye, phakamisa isandla sakho, *kanjalo*, khona abantu bezobona. Niyabo? Kulungile. Niyabo, nanti inenekazi. Futhi manje uphethwe yisimo sesifo sikashukela. Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Kungakwenza ukholwe na? UnguNkk. Martin. Uma lokho kuqinisile, phakamisa isandla sakho. Uyabo? Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Yiba nokukholwa.

204 Manje wathintani na? Ngifuna ukubuza izethameli. Wathintani na? Kunowesifazane nesandla sakhe siphakeme, nesami, futhi, phambi kukaNkulunkulu. Niyabo? Wathinta Into ethize. Owesifazane omncane olula nje, khona empeleni, ukunitshela iqiniso, manje bonani ukuthi ngabe leli yiqiniso yini, kummangazile. Ubengazi ukuthi ubenalokho kukholwa okungako. Ukukholwa akusiyo into oyikhiqizayo; kuyinto onayo. Niyabo? Umangalile. Ngisho nakhona manje owesifazane uzizwa ehlukile kunalokho akwenzile emizuzwini embalwa edlule. Uyazi ukuthi ikhona into eyenzekile kuye.

205 Lapha, anikuboni lokho kuKhanya na? Kunjalo. NgiKubona khona lapha phezu kwalona wesifazane khona lapha, khona emuva lapha na? Uphethwe yi. . . Ubhekise ikhanda lakhe phansi. Uyakhuleka. Kodwa uphethwe yinkathazo ngeqolo lakhe. Uma ezokholwa ngayo yonke inhliziyo yakhe, angaphiliswa kuleyonkathazo yeqolo. Impela.

206 Uzokugeja, impela njenganoma yini. Niyabo, umkhuleko wakhe usaqhubeka. Nkosi, ngisize. Nkk. DeVille, nguwe. Lowo ngumusa. Owesifazane ubekhuleka, ubengacabangi ngisho, akangizwa ngisho ngisho noma yini. Manje mbuzeni ukuthi ngabe uyangazi yini. Uyilowo–ke, futhi yileyo inkathazo yakhe.

207 Ngakho uthinteni na? Lokho ngukuqinisekiswa kukaJesu Kristu, iZwi, lahlukanisa imicabango osenhliziyweni.

208 Niyakholwa na? Yibani nokukholwa nje. Khulekani, nomaphi. Kholwani nje. Yilokho kuphela enifanele nikwenze. Kholwani nje, kholwani nje ukuthi nginitshele iQiniso. Manje, angisuYe. Ngiyinceku yaKhe nje, inceku yaKhe nje.

209 Ukuba benizoba nokukholwa okwenele! Ngeke ngambiza. Ngiyazi ukuthi iyini inkathazo yakhe, kodwa, niyabo, linda isikhashana nje futhi mhlawumbe kuzoshintsha. Impela akusikho okungenakwenzeka, kodwa uzofanele uphume kulesosesekelo. Akakwazi ukuzikholelwa. Ufanele umkholelwe.

210 Inenekazi liguliswa yinkathazo yezinso. Alisilo elalapha. LingelaseMississippi. Lizokholwa ngenhliziyo yalo yonke, uNkulunkulu uzoliphilisa enkathazweni yezinso. Nkk. Palmer, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaphiliswa kuyo. Isisukile kuwe. Kuphenduke ukuKhanya phezu kwakhe. Sekuhambile kuye. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi.

211 Kunenenekazi elihlezi eduze kwalo ngqo. Liphethwe yisifo samathambo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, nenekazi na? Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi uma uNkululunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, ngabe lokho kuzokusiza na? Igama lakho unguNkk. Meadow. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje, ungaphiliswa, nawe.

212 Lokho kokheleke enenekazini eduze kwalo. Lihlezi lapho, futhi. Nakho Kuhamba, kwehla njalo ngomugqa. Inenekazi lihlezi lapho, liphethwe yi. . . Eduze kwalo, liphethwe yisifo sikashukela, isifo sikashukela. Bafuna liye esibhedlela, kodwa liyala ukukwenza. Linendodana eliyikhulekelayo, futhi. Leyondodana ayikho lapha, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile kuleyondodana? Iphethwe yinhliziyo. Uyakholwa, futhi Uzokuphilisa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Nkk. Dufflee, D–u, o f ababili, l, o e ababili. Uhlobo lwe. . . Kunjalo. Kunjalo, phakamisa isandla sakho, izandla zakho ziphakeme. Kulungile. Manje uyakholwa, futhi ungasinda, nawe.

213 Niyakholwa ukuthi leyo yinto efanayo e. . . Niyakholwa ukuthi uBukhona bukaJesu Kristu bulapha manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki okwemukelayo lokho na? ["Amen."] O, ukuphepha okunje pho! Ukuphepha okunje pho! Niyabo?

214 Wenzeni na? UMvusile. UMlethe enkundleni. Nangu Usenkundleni. Lokho akwenzi nayimuphi umehluko ukuthi izikebhe zithini. Khumbulani, Angathi, "Thula, uthi du."

215 Niyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla liyajabula futhi lithi, "Amen."—Umhl.] Uma nikukholwa, sukumani ngezinyawo zenu futhi nikwemukele. Sukumani bese nithi, "Ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke." Sukumani

ngqo ngezinyawo zenu. "Manje ngiyakholwa." Kunjalo, akunandaba ukuthi iyini inkathazo yakho, sukuma, Mnike uDumo.

216 Baba waseZulwini, siletha kuWe lezizethameli. Bayezwa ukuthi Ukhona, Nkosi.

Kwangathi onke amademoni, ukungakholwa, kwangathi kungadeda, futhi kwangathi uJesu Kristu angaphilisa izethameli.

217 Sathane, phuma kulezizethameli! EGameni likaJesu Kristu, uyenyanywa.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org